

## Are they hooked on books?

Have you heard the saying "practice makes perfect"? Well, this certainly is true for reading! Children who are read to and who read for pleasure themselves, get better at reading and *want* to read. Unfortunately the opposite is also true: children who are not read to or who read very little themselves, usually avoid reading where they can and so they struggle with it.

It is never too early to start reading to children, but if your children are not hooked on reading yet, it isn't too late to help them develop a love of reading. Here are some ideas for getting and keeping your children hooked on books. Remember, though, that children are individuals and what works for one child might not work for another.

1. **Be a reading-loving home.** Stock your home with different books, newspapers and magazines for your children to read. Add to your book collection by visiting the library regularly together so that your children can choose their own books. And, of course, be a regular reader yourself and show your children your own enthusiasm for reading.
2. **15/7.** Set aside 15 minutes each day of the week to read to your children. Make this a relaxed and enjoyable time in which you all take a break from your busy daily lives.
3. **Involve your children.** Encourage your children to bring a story or poem to life in a fun way by acting out or drawing different parts. Encourage older children to become reading role models by using their skills to read aloud to younger brothers and sisters.
4. **Introduce the bookmark.** Remind older children – especially reluctant readers – that they don't have to finish a chapter or a book in one sitting! They can stop when they want, bookmark their place, and carry on tomorrow.
5. **Use the power of technology.** Encourage older children to read stories using everyday technology – cellphones! You can find fun stories for the whole family to read at [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and teens and young adults can enjoy FunDza's stories at [www.fundza.mobi](http://www.fundza.mobi).

## Ngabe bayazithanda izincwadi?

Ngabe uke wasizwa isaga esithi "Practice makes perfect"? Empeleni, lokhu kuyiqiniso nasekufundeni! Izingane ezifundelwayo futhi ezifundela ukuzithokozisa nazo, ziyathuthuka ekufundeni, nazo futhi zifuna ukufunda. Ngeshwa, nokuphikisana nalokho kuyiqiniso: izingane ezingafundelwa noma ezifunda kancane nazo zijwayele ukukugwema ukufunda, kuthi nalapho zingase zikwazi khona ukufunda, zithole ubunzima.

Awusoze washesha kakhulu ukuqala ukufundela izingane, kanti uma izingane zakho zingathandi ukufunda, awusoze wephuza kakhulu ukuzisiza ukuthi zithuthukise uthando lokufunda. Nanka amacebo okwenza nokugcina izingane zakho zithanda izincwadi. Khumbula kodwa ukuthi izingane zingabantu ukwenza nokucabanga kwazo okungafani, futhi okusebenzela enye ingane kungenzeka kungayisebenzeli enye.

1. **Yibani ikhaya elithanda ukufunda.** Gcwalisani ekhaya izincwadi, amaphephandaba namaphephabhuku ahlukene ukuze izingane zakho zikufunde. Yengezani iqoqo lenu lezincwadi ngokuvakashela njalo umtapo wezincwadi nindawonye ukuze izingane zakho zikhethe izincwadi zazo. Empeleni, kumele ube umuntu ohlale efunda nawe, futhi ukhombise izingane zakho ukuba nomdlandla wokufunda.
2. **15/7.** Zibekela imizuzu eyi-15 osukwini ngalunye lwesonto ukuze ufundele izingane zakho. Yenzani lokhu kube yisikhathi esikhululekile nesithokozelekayo lapho ningathatha khona ikhefu ezimpilwenu zenu zansuku zonke ezimatasatasa.
3. **Bandakanya izingane zakho.** Gqugquzela izingane zakho ukuthi zenze indaba noma inkondlo iphile ngendlela emnandi efana nokulingisa noma ukudweba izingxenye ezahlukene. Gqugquzela izingane ezindala ukuthi zibe yizibonelo zokufunda ngokusebenzisa amakhono azo ukufundela kakhulu abafowabo nodadewabo abancane.
4. **Yethula isikhombiso sencwadi (bookmark).** Khumbuza izingane ezindadlana – ikakhulukazi ezingathandi ukufunda - ukuthi akudingekile ukuba zize ziqede isahluko noma incwadi ngesikhathi esisodwa! Zingayeka uma zifuna ukwenza kanjalo, bese zibeka isikhombiso kuleyo ndawo, bese ziqhubeka ngakusasa.
5. **Sebenzisani amandla obuchwepheshe.** Gqugquzela izingane ezindadlana ukuthi zifunde izindaba zisebenzisa ubuchwepheshe bansuku zonke – amaselula! Ungathola izindaba ezimnandi eningazifunda zomndeneni wonke ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) futhi amabhungu namatshitshi nasebezoba ngabadala bangathokozela i-FunDza's stories ku-[www.fundza.mobi](http://www.fundza.mobi).



Drive your  
imagination

Read to me. Again! Again!  
Ngifundele.  
Phinda! Ubuye uphinde!





Drive your imagination



## Story stars

### Faith in children's potential

Faith Shabangu volunteers at three different reading clubs in Pietermaritzburg, KZN: Izimbali Zesizwe, Inyaninga Teen Reading Club, and My African Child. She believes that it's vital for children to have a strong adult support system in their lives. We spoke to Faith about these reading clubs and her involvement.

#### Why do you think it is important for children and teenagers to read for enjoyment?

It broadens their minds but does not put them under pressure because it works at the child's pace. It builds their confidence and their inner strength. They learn about themselves and the world.

#### Do you read at home?

Reading is my way of relaxing and dealing with hard issues in my life. I'm addicted to self-help and spiritual books and I love reading magazines! I'm also passing on my passion for reading to my four-year-old daughter. Together we cut out and fold the Nal'ibali mini-books and then I read them to her every night.

#### What activities do you offer at your clubs?

We get the children to play and tell their own stories in a safe environment. This helps children discover their strengths and talents. Other activities at the clubs include dancing, singing, praying, indigenous games and holiday programmes.

#### What do you want the children to get out of attending the reading clubs?

I want the children to feel important and valuable. I want them to know that even in difficult times you can dream, you can achieve and, most of all, you can be a child. I want children to enjoy their childhood and youthfulness.

#### What are the things that make a reading club successful?

Support and appreciation from the community are very important. You also have to provide as much training as possible to volunteers. This helps them take care of themselves as they take care of the needs of the children.

#### Why do you volunteer?

Volunteering gives you time to focus on other people's needs. It is fulfilling. It's about giving back and serving your community, and it's about showing a love and appreciation of children. Volunteering is about showing the spirit of Ubuntu in action! It's about taking the lead.



Pic: Jackie Clausen

## Abavelele ezindabeni

### Ukukholelwa kulokho izingane ezingaba yikho

UFaith Shabangu uyivolontiya emathimbeni okufunda amathathu ahlukene ePietermaritzburg, eKZN: Izimbali Zesizwe, Inyaninga Teen Reading Club, neMy African Child. Ukholelwa ekutheni kusemqoka ukuthi izingane zibe nohlelo lokwesekwa okunamandla ngabantu abadala ezimpilweni zazo. Sixoxe noFaith ngalawa mathimba okufunda kanye nokuzibandakanya kwakhe kuwo.

#### Kungani ucabanga ukuthi kubalulekile ukuthi izingane namabhungu namatshishi bafundele ukuzithokozisa?

Kunweba imiqondo yabo kodwa akufaki ingane phansi kwengcindezi ngoba kuhambisana nejubane lengane. Kwakha ukuzethemba kwabo namandla ngaphakathi kubona. Bafunda ngabo uqobo kanye nomhlaba.

#### Ngabe wena uyafunda ekhaya?

Ukufunda kuyindlela engiziphumuza ngayo nengibhekana ngayo nezinto ezinzima empilweni yami. Ngithanda kakhulu ukufunda izincwadi ezikutshela ukuthi ungazisiza kanjani, nezokholo, futhi ngiyakuthanda nokufunda amaphephabhuku! Ngidlulisela nothando lwami lokufunda endodakazini yami eneminyaka emine. Sindawonye sisika bese sigoqa amabhukwana akwaNal'ibali bese ngimfundela wona njalo ebusuku.

#### Yiziphi izinto enenzayo ethimbeni lakho lokufunda?

Senza ukuthi izingane zidlale futhi zixoxe izindaba zazo endaweni ephephile. Lokhu kusiza izingane ukuthi zithole lokho ezinamandla okukwenza kanye namathalente azo. Ezinye izinto ezenziwa ethimbeni zihlanganisa ukudansa, ukucula, ukuthandaza, imidlalo yomdabu nezinhlelo zangezikhathi zamaholide.

#### Yini ofuna ukuthi izingane ziyithole ekuhlalanyeleni emathimbeni okufunda?

Ngifuna ukuthi izingane zizizwe zibalulekile futhi ziyigugu. Ngifuna zazi ukuthi nasezikhathini ezinzima ungakwazi ukuphupha, ungazuza okuphokophele, ngaphezu kwalokho, ungakwazi ukuba yingane. Ngifuna izingane zithokozele impilo yokuba izingane neyokuba yintsha.

#### Yiziphi izinto ezenza ukuthi amathimba okufunda aphumelele?

Ukwesekwa nokubongwa ngumphakathi kubaluleke kakhulu. Kufanele futhi niqeqeshe amavolontiya kakhulu ngendlela eningakwazi ukuthi nenze ngayo. Lokhu kuwasiza ukuthi nawo azinakekele ngesikhathi enakekela izidingo zezingane futhi.

#### Kungani uyivolontiya?

Ukuvolontiya kukunikeza isikhathi sokugxila ezidingweni zabanye abantu. Kuyagculisa. Kumayelana nokubuyisela okuthile emphakathini nokuwusebenzela, futhi kumayelana nokukhombisa ukuthanda izingane. Ukuvolontiya kuwukukhombisa ngokubonakalayo umoya woBuntu! Kuphathelele nokuholo abanye.

Find us on your cellphone:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).  
Sithole kumakhalekhukhwini wakho:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers\* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference. To nominate a Story Star, visit [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).



Enjoy every moment

\* For terms and conditions that apply, go to [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)

Ezweni lonke, umuntu ngamuye kanye nabezinhlango bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenywe yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amawusha okudla ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo. Ukuze uqoke ovelele endabeni, vakashela ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).


\* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)

#### Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

#### Zakhele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Udadewabo kaSonny Jim wamqhukuza ngendololwane wakhomba ngesipuni sakhe endishini kaphuthini kaMkhulu. Kwakukhona utki owawubonakala ulinguze kuphuthini!

Kodwa okwakuthandwa uSonny Boy nodadewabo kwakuwukubona ukuthi bangaki otki ababekuphuthini wabo – nakokaMkhulu!


Ukusukulu wayengakhulum! kakhulu – wayesuka ekamelweni lakhe aye engadini, egqoke imikhono yehembe lakhe, egqoke into libhantsi namabhuzu akhe asengadini. Uma wawubukisiza kahle ngesikhathi uMkhulu ehleli esitweni sakhe esiwugingqongqo enabile, wawubona imbobo ngaphansi kweinye lamabhuzi akhe. Usuku lukakhisimusi lwalingcwele yonke inhlobo yento ejabulisayo, kodwa okwakumnandi kakhulu kwakuba yisikhathi sebhelli bonke etafuleni elikhulu lesido sikakhisimusi, begqoke izigqoko zephapha emakhanda, bese bedonsa imiqhuzo (crackers), bethi “Ukhisimusi Omhle!” – bonke begqoke izingubo zabo ezintsha ezihle.

Then Auntie Violet brought in the Christmas pudding – aflame! Inside the pudding she had hidden lots of ticks – the smallest silver coin you could get in those days – as well as someone’s gold ring and a button. People were pleased if they got the slice with the ring, and everyone laughed at the person who got the button.

But what interested Sonny Boy and his sister was how many ticks there were in their helpings of pudding – and in Granddaddy’s!

Sonny Jim’s sister nudged his elbow and pointed to Granddaddy’s pudding bowl with her spoon. There was a very obvious tick sticking out of the pudding!

Fold



Anyway, Granddaddy didn’t say much – he just walked through the house from his room to the garden, in his rolled-up shirtsleeves, his waistcoat and his garden boots. If you looked carefully when Granddaddy sat in his rocking chair with his legs stretched out in front of him, you could see a hole in the sole of one boot.

Christmas Day was full of all sorts of excitement, but the best of all was when they all sat round the big table for Christmas lunch, with paper hats on their heads, and they pulled crackers, and said “Happy Christmas!” – all in their best new clothes.

Then Auntie Violet brought in the Christmas pudding – aflame! Inside the pudding she had hidden lots of ticks – the smallest silver coin you could get in those days – as well as someone’s gold ring and a button. People were pleased if they got the slice with the ring, and everyone laughed at the person who got the button.

But what interested Sonny Boy and his sister was how many ticks there were in their helpings of pudding – and in Granddaddy’s!

Sonny Jim’s sister nudged his elbow and pointed to Granddaddy’s pudding bowl with her spoon. There was a very obvious tick sticking out of the pudding!

*Sonny Jim and his sister* is from the SONGOLOLO list – a range of books celebrating both the common and diverse interests and experiences in childhood, featuring stories from Africa and beyond.

Shuter & Shooter Publishers acquired the award-winning children’s picture book imprint, SONGOLOLO in 2008. SONGOLOLO is a quality list, featuring books by some of South Africa’s foremost authors and illustrators, including Niki Daly, Gcina Mhlophe, Joan Rankin and Jude Daly. The list features several bestsellers, including Niki Daly’s *Mama, Papa and Baby Joe*, and Joan Rankin’s *Wow! It’s Great Being a Duck* and other numerous award-winning titles.

For further information, visit [www.shuters.com](http://www.shuters.com)



SONGOLOLO

# Sonny Jim and his sister



# USonny Jim nodadewabo

Robin Malan

SONGOLOLO

Nalibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNalibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

Fold

Kwakubiza kakhulu ukuyodla ekhoshini okwakudlelwa kulo, ngakho uMama wayehlale epakishe isudukezi elinomphico (leli lalifana nobhasikidi wepikiniki umehuko kungukuthi kwakuyisudukezi) elalinamaseishi katamatsi amanandi, inkukhu ebandayo kanye namaganda abilisise, kwakuhlale kukhona amaphapha angangenwa ngamatutha amabili asongiwe, elilodwa lalinosawoti elinye linopelepele, phakathi. Uma beya eKapa ko-Anti, uSonny Jim wayehlale engamula ekhishini aye ephentri ayobuka isibani sesiphhezelo (fanlight). Laphaya, kwakulenga phezu kwento yokubopha ifasitela iglobhu enkulu eyayigqwe ngeduku. Lona kwakwuphuthini kakhisimusi. Wayengazi ukuthi kwakungani kwakufanele ugqwe ngeduku ulengiswe ephentri, kodwa wawuba lapho minyaka yonke.

Usonny Jim wayemthanda uMkhulu, kodwa wayemesaba kancane. Wayesebenza engadini, ngakho ubuso, izanda, nezingalo zakhe zazinsundu okusagolide ngokuzothile, futhi izinwele zakhe zazimhlophe gwa, zithe ukuphakama phambili. Enamadevu amhlophe amakhulu.

Kodwa into ephawulekayo ngoMkhulu kwakuwukuthi wayengeza ezindlebeni. Noma – ngokusho ko-anti wayeyisithulu uma ethanda. Ngakho uSonny Jim wayenokwesaba kancane ukukhuluma noMkhulu. Wayengafuni ukumemeza, futhi kwakuba nzima uma uMkhulu engazwanga ukuthi ubethini kuye.



## The Tickey in the Christmas Pudding

"Are you all packed, Sonny Jim?"

Sonny Jim, his sister, his mother and his eldest aunt lived in Johannesburg. In Hillbrow.

He and his sister called their mother "Mommy", and everyone in the family called their eldest aunt "Dim", or "Dimmy". They weren't being nasty. It's just that her names were Doris Ivy May, and so, when she was still quite young, "Dim" sort of stuck.

Sonny Jim, Sonny Boy, Sonny. Those weren't his names, but they were what the aunts called him – that's his Auntie Dim and the other aunts, who lived with Granddaddy in Cape Town. Auntie Iris and Auntie Violet and Auntie Revah and Auntie Mavis.

"Granddaddy! Sonny Jim's sister said loudly. "Mim?" Granddaddy looked up, puzzled. "Granddaddy, what's happened to that tickey?" "What tickey's that?" he asked, all innocence. "The one you've got in your mouth!" "Have I got a tickey in my mouth? I don't think so. Look." He opened his mouth and showed them. There was nothing. "But, Granddaddy, it was there, in your pudding, on your plate ...," said Sonny Jim's sister. "And you put it in your mouth. We saw you!" added Sonny Jim.



They watched open-mouthed as Granddaddy put that last spoonful of pudding in his mouth. Surely he would feel it and take it out of his mouth. Now ... now ... Nothing! He just put his spoon down, wiped his moustache with his serviette, and sat quietly.

Kwaphela amaholide kaKhisimusi, base bebuyela eGoli, nangempela kwafika uKhisimusi olandelayo babuyela eKapa kuMkhulu nabo-anti.

Ngesikhathi u-Anti Violet ephaka uphuthini kaKhisimusi, uSonny Jim nodadewabo baqapha uMkhulu ngeso lokhozi.

UMkhulu akashongo lutho, kodwa ebabheka ngehlo elinokugangana, wafaka iminwe yakhe ephaketheni lakhe lentolibhantshi. Wawukhipha kancane ... umfagolweni. Wacifa ihlo kancane wawuyeka wawela ephaketheni lakhe, wase embambatha intolibhantshi yakhe ngezandla zakhe ezinsundu zomuntu osebenza engadini.

Yena – kanye nabo – babekukhumbula lokhu unyaka wonke!



"Kusho, ukuthi uwufake eseviyethini lakho!"

"Cha, angiyazi le nto enikhuluma ngayo ..."

USonny Jim.

"Futhi uwufake emlonjeni wakho. Sikubonile!" kufakaza

lakho ...," kusho udadewabo Sonny Jim.

"Kodwa, Mkhulu, ubukhona kuphuthini wakho, epletini

Bhekani!" Wakhamisa wabakhombisa. Kwakungekho lutho.

"Ngabe nginotiki emlonjeni wami? Angicabangi kanjalo.

"Lo obusemlonjeni wakho!"

"Utiki wani?" ebuza, ekhombisa ukuba msulwa.

"Ushonephi utiki, Mkhulu?"

"Mmm?" UMkhulu wambuka ngokumangala.

"Mkhulu!" Kumemeza udadewabo Sonny Jim.

ngeseviyethi, wahlala wazithulela.

Lutho! Wavale wabeka isipuni sakhe, wasula amadevu akhe

ewukhipha emlonjeni wakhe. Nakho-ke ... Nakho-ke ...

Babebukelela bekhamisile nje ngesikhathi uMkhulu edla isipuni  
sikaphuthini sokugcina. Uzowuzwa nakanjani utiki bese

Sonny Jim and his sister sat there, amazed and alarmed. After all, a half-a-crown was just about the biggest silver coin you could get then.

The Christmas holiday ended, they went back to Johannesburg, and, sure enough, the next Christmas came and they were back in Cape Town with Granddaddy and the aunts.

As Auntie Violet was serving the Christmas pudding, Sonny Jim and his sister kept an extra special eye on Granddaddy.

Granddaddy said nothing, but, with a twinkle in his eye, he slipped his fingers into his waistcoat pocket. He gently slid out ... a half-a-crown. He half-winked at them and let it drop back into his pocket, and patted his waistcoat with his brown gardener's hand.

He – and they – had remembered for one whole year!




what he said to him.

Jim was a little scared about talking to Granddaddy. He didn't want to shout, and it was awkward if Granddaddy didn't hear aunts used to say – he was deaf when he wanted to be. So Sonny But the thing about Granddaddy, was that he was deaf. Or – the

with a quiff in the front. He had a white bushy moustache. were tanned a deep golden brown, and his hair was white-white, Granddaddy was a gardener, and so his face and hands and arms Sony Jim loved Granddaddy, but he was a little nervous of him.

was there.

hung in the pantry, but each year it why it had to be tied up in a doek and the Christmas pudding. He didn't know fat globe wrapped in a doek. This was from the window-fastener was a round look up at the fanlight. There, hanging through the kitchen to the pantry and Cape Town, Sonny Jim would always go



When they got to the aunts' house in

pepper in it.

twists of greaseproof paper, one with salt in it and one with and cold chicken, and hard-boiled eggs. There were always two basket except it was a suitcase) with lovely tomato sandwiches, Mommy always packed a wicker suitcase (this was like a picnic It was too expensive to go to the dining coach for meals, so






## Utiki okuPhuthini kaKhisimusi

"Ngabe usufake yonke into esikhwameni, Sonny Jim?"

USonny Jim, udadewabo, umama wakhe no-anti wakhe omdala babehlala eGoli, eHillbrow.

Yena nodadewabo babebiza umama wabo ngokuthi ngu- "Mommy" futhi wonke umuntu emndenini wabo wayebiza u-anti wabo omdala ngo- "Dim", noma u- "Dimmy". Babengamgconi. Ukuthi nje amagama akhe kwakunguDoris, Ivy, May, ngakho ngesikhathi esemncane, kwachuma u- "Dim".

USonny Jim, Sonny Boy, Sonny. Lawo kwakungewona amagama akhe, kodwa kwakuyindlela ayebizwa ngayo ngo-anti bakhe – labo kwakungo-Anti Dim nabanye o-anti, ababehlala noMkhulu eKapa, u-Anti Iris, no-Anti Violet, no-Anti Revah, no-Anti Mavis.



USonny Jim wayengazi ukuthi kwakungani yena, udadewabo, uMommy no-Anti Dim babehlala eGoli bese bonke abanye bahlala eKapa. Wayazi ukuthi kwakuphathelene nobaba. Kodwa wayengamazazi ubaba. Futhi ubaba wayenayamalele. Kwakunempini ndawana thile, kwakungenzeka ukuthi ubaba wayeye "eNyakatho nezwe" eyolwa empini.

Njalo ngodisemba uSonny Jim, udadewabo noMama babeya eKapa beyodla ukhisimusi noMkhulu nabanye o-anti. Yingakho-ke u-Anti Dim wayembuza ukuthi ngabe ufake yonke into esikhwameni yini nokuthi ulilungele yini uhambo. Wayeluthanda uhambo lwesitimela. Kwakumele ulibambe uqinise ibhande lesikhumba lokuhambisa ifasitela ngesikhathi wehlisa ifasitela bese ukwazi ukukhipha ikhanda ungenwe umule emehlweni ngesikhathi ubala ukuthi mangaki amakhoshi lapho isitimela sithatha ijika.

"No, I don't know what you mean ..."

"Then, you must have put it in your serviette!"

"What, this serviette?" asked Granddaddy. He held up his serviette and shook it out. Nothing fell out.

"You must have swallowed it!" they both exclaimed, in horror.

"Oh, well," Granddaddy said, unconcerned, "maybe it'll grow into a half-a-crown in my tummy."

Sonny Jim didn't know why he and his sister and Mommy and Auntie Dim lived in Johannesburg while everyone else lived in Cape Town. He knew it had something to do with Daddy. But he didn't know Daddy. And Daddy had disappeared. There was a war on, somewhere else, and maybe Daddy had gone "Up North" to fight in the war.

Every December Sonny Jim and his sister and Mommy went down to Cape Town for Christmas with Granddaddy and the other aunts. And that's why Auntie Dim had asked him if he was packed and ready for the trip.

Sonny Jim loved the train journey. You had to hold the leather strap tight as you let the window right down and then you could stick your head out and get smut in your eyes as you counted how many coaches the train had as it went around a bend.

"Ini, leli seviyethi?" kubuza uMkhulu. Waphakamisa iseviyethi lakhe walithintitha. Akuwanga lutho.

"Kungenzeka ukuthi uwugwinyile!" bamemeza bobabili, bethukile.

"Uma kunjalo-ke," kusho uMkhulu, ngokukhulu ukungabi nandaba, "mhlawumbe uzokhula ube umfagolweni esiswini sami."

USonny Jim nodadewabo bahlala lapho, bemangele futhi bethukile. Phela, umfagolweni kwakuwuhlamvu lwemali olukhulu kakhulu owawungaluthola ngaleso sikhathi.





## Get story active!

After you and your children have read *Clever Busy Bee* on page 8, try some of these ideas.

- Use toilet rolls, paper, glue, yellow and black paint and toothpicks to make bees. Encourage your children to cut out the shape of the bee's wings, paint them and, when they are dry, glue them to the toilet roll. Paint the toothpicks black and add them to the bee to create its feelers.
- Spend some time outside together looking at different flowers and finding pollen on their anthers. Let your children touch the anthers lightly and notice how the pollen rubs off onto their fingers.
- Talk about the sounds that bees and other insects make – and how some don't make any sounds that we can hear! Play a game where one of you makes an animal sound and then everyone tries to guess which animal you are.
- Provide your children with bread, butter, honey and a blunt knife and let them make their own honey sandwiches.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde, *UNyosi Ohlakaniphile Omatasatasa ekhasini lesi-8, zamani eminye yale miqondo.*

- Sebenzisa iroli yephepha lendlu yangasese, iglu, upende ophuzi nomnyama nezinti zokuvungula ukuze nenze izinyosi. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zisike ukuma kwamaphiko ezinyosi, wapendeni bese, uma esomile, niwanamathisele ngegulu erolini lephepha lendlu yangasese. Penda izinti zokuvungula zibe mnyama bese uzifaka enyosini ukuze wakhe izimpondo.
- Chithani isikhathi ndawonye phandle nibheka izimbali ezahlukene nithola impova kuma-entari (*anthers*). Vumela izingane zakho ukuthi ziithinte kancane ama-entari bese nibona ukuthi impova inamathela kanjani eminweni yazo.
- Xoxani ngemisindo izinyosi kanye nezinye izilwane eziyenzayo – nangendlela ezinye ezingenzi ngayo imisindo esingayizwa! Dlalani umdlalo lapho omunye wenu ezokwenza umsindo wesilwane bese lowo nalowo ezama ukuqagela ukuthi wenziwa isiphi isilwane.
- Nika izingane zakho isinkwa, ibhotela, uju nomese obuthuntu, bese uthi azenze amasemishi azo oju.

## Reading club corner


Here are some ideas of how you can celebrate Africa Day on 25 May at your club.

- Read and tell stories and sing songs in as many South African languages as you know.
- Tell a traditional African story.
- Create shape poems about Africa by giving the children outlines of the shape of the continent and then asking them to write their poems inside it.

## Ikhona lethimba lokufunda

Nanka amanye amacebo okuthi ningalugubha kanjani Usuku Lwe-Afrika ngomhla ka-25 Meyi ethimbeni lenu lokufunda.

- Fundani nixoxe izindaba nicle namaculo ngezilimi eziningi zaseNingizimu Afrika enizaziyo.
- Xoxani izindaba zomdabu zase-Afrika.
- Yakhani izinkondlo ezihambisana nokubukeka kwento ezimayelana ne-Afrika ngokunikeza izingane ukuma kwezwekazi bese uzicela ukuthi zibhale umlolozelo wazo ngaphakathi kwawo.



### Days to celebrate at your club in June

- 1 June International Children's Day
- 5 June World Environment Day
- 10 June Maurice Sendak's birthday (award-winning children's writer and illustrator who created *Where the Wild Things Are*)
- 16 June Youth Day
- 16 June Father's Day
- 21 June Short Story Day Africa
- 30 June Social Media Day

### Izinsuku zokugujwa ethimbeni lenu ngoJuni

- Umhla ka-1 Juni Usuku Lwezingane Lomhlaba Wonke
- Umhla ka-5 Juni Usuku Lwesimo Sendawo Lomhlaba
- Umhla ka-10 Juni Usuku lokuzalwa lukaMaurice Sendak (umbhali nomdwebi wezincwadi zezingane osezawina imiklomelo, owabhala i-*Where the Wild Things Are*)
- Umhla ka-16 Juni Usuku Lwentsha
- Umhla ka-16 Juni Usuku Lobaba
- Umhla ka-21 Juni Usuku Lwase-Afrika Lwezindaba Ezimfushane
- Umhla ka-30 Juni Usuku Lwemithombo Yezingosi Zokuxhumana Zokwakha Ubuhlobo

## In your next Nal'ibali supplement:

- What to say and what to do to encourage children's reading and writing
- Celebrate International Children's Day with us
- Enter our drawing and writing competition and stand a chance of winning wonderful prizes
- Story Star: Find out who the Yaccers are and why they are stars!
- Mini-book, *Moving house*



Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA).

## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Yini ongayisho futhi yini ongayenza ukuze ugqugquzele ukufunda nokubhala kwezingane
- Gubha nathi Usuku Lwezingane Lomhlaba Wonke
- Ngenela umncintiswano wethu wokudweba nokubhala ube semathubeni okuwina imiklomelo emihle.
- Ovelele Ezindabeni: Thola ukuthi angobani amaYaccers nokuthi kungani eyizihlabani!
- Ibhukwana, *Ukuthutha*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usithole ku-Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA).

1

# Clever Busy Bee

## UNyosi Ohlakaniphile Omatasatasa



Awebahe Johannes Hoeseb  
Brendan Ruiters

It starts with a story...  
PRAESA

8

... honey.  
Clever Busy Bee!



... noju.  
Ave uhlakaniphile Nyosi Omatasatasa!

2

Izimbali ezinhle zimila engadini yethu.




Beautiful flowers grow in our garden.

FOLD

7

Mel is eating a delicious sandwich. Can you guess what is on the bread? Is it jam? Is it cheese? Is it butter? No, it's ...



UMel udla amameshi amnandi. Uthi ungaqagela nje ukuthi kunani esinkweni? Ujamu na? Ushizi na? Ibhotelela na? Cha, ku- ...

3

UNyosi Omatasatasa andize aye ezimbalini. Bhu-u ...



Busy Bee buzzes up to the flowers. Bzzz ...

FOLD

9

... and into the hive. Busy Bee makes honey with the pollen it collected from the beautiful flowers.



... maqede asho phakathi endlini yezinyosi. UNyosi Omatasatasa wenza uju ngempova ayiqoqe ezimbalini ezinhle.

4

UNyosi Omatasatasa uqoqa impova ezimbalini maqede andize. Bhu-u ...



Busy Bee collects pollen from the flowers and buzzes away. Bzzz ...

5

On a small round hill between the rocks there is a tiny crack. Busy Bee buzzes through the crack ...



Egqumeni elincane eliyindilinga, ngaphakathi kwamadwala kunomfantu omncane. UNyosi Omatasatasa andize angene emfantwini ...